**Ekugcizeleleni ukulwa nodlame olubhekiswe kwabobulili obuthile eNkulumweni Yakhe Ngesimo Sezwe ePhalamende yangowezi-2024, uMongameli u-Cyril Ramaphosa wadlulisa ukuthi uyaseseka iSifungo Sikazwelonke esilwisana nodlame olubhekiswe kwabobulili obuthile nokubulawa kwabesifazane lapho wonke amadoda ezofunga siqu sawo ukuqeda udlame olubhekiswe kwabesifazane.**

ISIFUNGO SAMADODA ASENINGIZIMU AFRIKA SOKUQEDA UDLAME OLUBHEKISWE KWABOBULILI OBUTHILE

**NJENGENDODA, NGIYAFUNGA UKWENZA LOKHU:**

1. Ukuphatha bonke abantu besifazane ngokulinganayo.

2. Ukuphatha umuntu wesifazane njengomuntu, hhayi njengento nje.

3. Ukweseka abesifazane ngayo yonke indlela engingakwazi ngayo futhi ngidlale indima yami ukulwisana nokudlwengulwa futhi ngilwisane nangabe yiluphi uhlobo lokubandlulula, ukuhlukumeza noma lodlame olubhekiswe kwabesifazane.

4. Ukukhuza amanye amadoda ngokungaziphathi kahle kwawo noma ukusho amagama angafanele kwabesifazane.

5. Ukuhlonipha owesifazane ngendlela efanayo engingalindela ukuhlonishwa ngayo njengendoda ngoba inhlonipho, ukulingana, kanye namalungelo abantu bonke baseNingizimu Afrika kuyizinto esingeke nje saxoxisana ngazo.

6. Ukuba yisibonelo ekufundiseni abafana emndenini nasemphakathini wami ukuthi ukuveza umuzwa ozizwa ngawo akuchazi ukuba ntekenteke, ukuthi udlame aluyona indlela yokuxazulula izinkinga nokuthi abesifazane kufanele baphathwe ngenhlonipho.

7. Ukuphatha abesifazane ngendlela engingathanda kuphathwe ngayo umama wami, udadewethu, noma indodakazi yami.

8. Ukulwela ukuphepha nenhlalakahle yabantwana futhi ngilwisane nalo lonke uhlobo lokuhlukunyezwa nodlame.

9. Ukukhuza futhi ngilungise ukungaziphathi okubhekiswe ebantwaneni ngabantu abadala kanye nontanga.

**NJENGENDODA, NGIYAFUNGA UKUTHI NGEKE NGIPHINDE:**

1. Ngibeke isandla umuntu wesifazane.

2. Ngisabise, ngisongele, noma ngehlise isithunzi noma ngumuphi umuntu wesifazane, kungaba ngokomzimba, ngamagama, ngokwemizwa noma ngokocansi, noma ngivumele omunye umuntu ukuthi enze njalo.

3. Ngibhebhezele ukucwaswa kwabesifazane noma ukucabangela owesifazane ngenxa yezimpahla azigqokile.

4. Ngenze owesifazane azizwe ehlukumezekile ngenxa yokumgqolozela, amagama engiwashoyo noma izenzo zami noma ngimenze angakhululeki ngenxa yokuba khona kwami.

5. Ngithinte noma ngenze ucansi nowesifazane ngaphandle kwemvume yakhe ecacile noma ukumphoqelela ukuthi enze into angafuni ukuyenza.

6. Ngigqugquzele noma ngingabiki ngodlame olubhekiswe kwabobulili obuthile.

7. Ngilaxaze umsebenzi wami wokuba ngubaba, uma nginabantwana.

8. Ngisebenzise isikhundla sami ekhaya, emsebenzini nakwezinye izindawo emphakathini ukubukela phansi amalungelo nesithunzi sabantu besifazane.

9. Ngenze ukuba ingane izizwe ingaphephile noma ingakhululekile ngokuba khona kwami, ngamagama engiwashoyo noma ngezenzo zami.

10. Ngithinte abantwana ngendlela engafanele noma ukusondela kubona ngokweqile.

**Sayina isifungo lapha:**

-----------------------------------